# Ukuphila OkuPhakade Nokuthi Kwemukelwa Kanjani

. . . lapha kulobubusuku, ukuzwa lobubufakazi, nokuzwakalisa okwehlukile kokubonga kuNkulunkulu, ngalokho Abeyikho kubo kulonyaka odlule. Futhi ngifuna ukujoyina ubufakazi bami nabo. Bengicabanga, odadewethu emuva lapho befakaza esi "nkweni phezu kwamanzi." Bese kuthi-ke uMfowethu Slaughter. NoMfowethu Graham, bekhuluma ngokuthi "lapho amasondo okuphila okufayo ema nse." Mhlawumbe kungaqondwa ngokuyikho lapha, kodwa Lapho, phambi kwesiHlalo sobukhosi, uNkulunkulu wazi konke ngazo zonke izinto.

2 Ngakho-ke silapha nje kulobubusuku ukuthi nje . . . Angikholelwa ekuphenyeni ikhasi elisha, noma into efana naleyo, ngi . . . ukuthi uvele ulibuyisele emuva ngakusasa. Kodwa uma nje sizoza futhi sizinikele kuNkulunkulu, ukuze sikhonze, futhi siMbonge ngalokho thina . . . Abeyikho kithi, futhi siMcele ukuthi aqhubeke nokuba nathi, kuthi akube kungcono kakhulu.

3 Ukukhathala nje kancane kulobubusuku. Ngibe nabanye abantu izolo ebusuku, engikanye nabo, futhi mina, awu, ngi—ngihlale isikhathi esidanyana. Futhi namhlanje besiphumile, ngokuphathekayo usuku lonke, futhi ngakho-ke nje sizizwa sithi ukukhathala kancane. Futhi ngeke ngihlale isikhathi eside kakhulu lapha.

4 Kodwa ngifuna ukuphendulela-ke ipulpiti kuMfowethu Funk, futhi uyisikhulumi sethu. Bese kuthi-ke uMfowethu Wood, ngiyacabanga, uzomlandela. Bese kuthi-ke, ngakho-ke, uma bonke bezohlala nje. Uthe, namuhla, angeke ngikusho lokho lapha. Kodwa, niyabo, ngikwenzile nje. Ngakho-ke ngibone uMfowethu Funk ehlezi emuva lapho, enikina ikhanda lakhe. Lelo yihlaya elincane kuye, bazalwane. Futhi, kodwa, lokho—lokho kunjalo, impela banenhlanhla yokulandelana khona manje, e—emizuzwini embalwa.

5 Futhi ngakho-ke sinezikhulumi eziningi lapha kulobubusuku, niyazi. Ngakho-ke sisalelwe amahora amathathu, futhi ngakho-ke sizozama nje ukuphuthuma sihambisane ngokushesha esingakwenza. Ngezinye izikhathi . . .

6 Lento encane nje engifuna ukuyisho ngalesisikhathi, imayelana nobufakazi bukadadewethu lapho. UDadewethu uLeopard, ngiyakholwa, yigama.

7 Ngithe ukwenza uhlelo okusha lapha, njengoba nazi, emavikini ambalwa edlule, noma, mayelana nabantu abashayela ehhovisi. Bese kuthi-ke—bese kuthi-ke uMfowethu Cox nabanye bazongixoxela udaba, noma ngabe kuyini. Futhi mangihambe njengoba ngizizwa ngiholeleka ukuba ngihambe. Futhi, o, he, yileyondlela yokukwenza.

8 Ngokunye ukusa, Mina...ukubuka ngaleya, nezingcingo ezahlukene. Kwakukhona uDadewethu uLake, nomfana wakhe wayesengozini. Ngikholwa ukuthi uMfowethu Cox wangitshela ukuthi kwakuyilokho...UMfowethu Cox. Futhi bakhipha ubende, futhi elele eseseduze kokufa. Futhi omunye umfowethu ebengiphumele ezintabeni naye, kulonyaka ohambweni, futhi ulele lapho, opha ezibilini, mhlawumpe umdlavuza. Futhi eCalifornia, o, yonke nje indawo, kwabantu abehlukene obegula. Futhi bengiphumile ukuyokhuleka.

9 Futhi ngiyangena, futhi mina...Umkami wayengitshele ukuthi uMfowethu Slaughter wayeshaye ucingo, okuthize mayelana nencane...noma, uDadewethu Slaughter, oyedwa, mayelana nentombazanyana eyayiphezulu lapha ngelinye iSonto. Ngavele ngangena futhi ngahlala phansi.

10 Ngacabanga, "Awu, Nkulunkulu Othandekayo, nginakho konke lokhu," futhi bengibakhulekela bonke. "Futhi—futhi Wena ufuna ngenzeni na?"

Futhi ngangilokhu ngizwa okuthile mayelana "nengane encane."

11 Awu, ngabuyela emuva ukuyobheka, ukubona ukuthi sasinani mayelana nengane encane. Futhi ngi—ngashaya ucingo ezansi kuDadewethu Cox, ukuthola uma noma yini ngengane encane. Akekho owayebonakala azi noma yini mayelana nengane. Kwakungewona umbono. Kodwa nje ukucindezela eMoyeni, ukuthola ingane encane, mayelana "nengane encane," egulayo. Awu, into kuphela engingayithola, esondele, kwakuyileyongane ababekhuluma ngayo, evela ezansi eKentucky. Awu, akuzange kubonakale sengathi, lapho bekubalula lokho, akuzange nje kubhaliswe kahle, ngandlela thize. Futhi ngangi...cabanga, mhlawumpe, mhlawumbe umbono ubungafika nje kancanyana. Kodwa kwakungenjalo, akuzange kuphenduke umbono. Futhi ngangilokhu ngizibuza.

12 Ngabuyela ekamelweni lami, ngedwa, ukuyokhuleka. Futhi ngacabanga, "Kukuphi, mayelana naleyongane, manje na? Ngabe kukhona nomaphi ukuthi ngingacabanga ngengane na?"

13 Futhi ngeSonto eledlule, noma ngeSonto ngeviki, noma into efana naleyo, ngangihlezi emuva lapho. Kwase kufika intombazanyana, yahlebeza endlebeni yami, emva kwami, yathi,

"Khulekela udadewethu omncane, udadewethu oyingane." Futhi kwakuyintombazane encane yakwaLeopard. Ingahle ibe lapha kulobubusuku; angazi. Ingumfo omncanyanyana, omuhle kakhulu, intombazanyana.

14 Futhi kwenzeka nje ngaphenduka. Ngathi, "Kulungile, s'thandwa," kanjalo. Futhi ngakho-ke ngathi nje ukukhothamisa ikhanda lami ngale futhi ngaqala ukukhulekela ingane. Futhi ngavele ngaqhubeka, ngakhohlwa ngakho.

15 Futhi kwathi nje lapho lokho kufika emqondweni wami, okukhize kwenzekile, ngase ngazi-ke ukuthi lowo bekunguNkulunkulu.

16 Ngakho khona-ke ngihambile futhi ngabuza uMeda lapho—lapho ababehlala khona. Futhi wayengazi kahle hle, ngakho-ke sabheka ebhukwini lezicingo sase sithola inombolo yabo. Futhi—futhi ngathi, "Okuthile . . . Futhi banengane egulayo, ngiyakholwa. Noma, iviki eledlule, noma okuthize, iviki noma ezinsukwini eziyishumi ezedlule, babenengane egulayo." Ngakho-ke ngathi, "Kukhona okuthize ngalokho. Manje bhekani."

17 Futhi ngishaye ucingo ezansi lapho futhi akekho ophendulile. Awu, khona-ke ngibuye ngashaya ucingo kuNkk. Cox, futhi ngathola i—inenekazi lapha, unina. Futhi—futhi ngakho-ke ngashayela unina, futhi uthe, "Ngani . . ." Ngimtshelile ukuthi bekuyini.

18 Futhi angahle abe lapha kulobubusuku. Ngiyaxolisa, angimboni owesifazane. Ngi—ngingahle ngimazi uma bengingabona ubuso bakhe.

19 Kodwa ungitshele ukuthi ingane ibisesibhedlela, kukubi kakhulu, futhi ubeyithekelisa ngegazi ngalesosikhathi. Awu, ngathi, "Dadewethu, angazi. Angeke ngisho ukuthi ngumbono manje, ngoba akusiwo, kodwa into nje engingakwazi ukuyinyakazisa. Kuyangicindezela nje ku—kuleyongane. Bengingavele, kubukeka sengathi, leyongane nje phambi kwami." Ngakho-ke ngiqhubekile.

20 Futhi ngathi, "Angeke ngihambe manje, ngoba ngiyazi ukuthi bekungathatha isikhathi ukukunika ukuthekelisa igazi." Futhi bakunikeza ngekhanda lapha, ngiyacabanga, ngakho-ke bona . . . Ngiyazi kubuhlungu kakhulu futhi kubi. Ngakho-ke ngivele ngalinda, ngangena futhi ngakhulekela ingane. Futhi ngilungiselele. Ngicabangile, "Lena yindawo lapho iNkosi engiholela khona."

21 Futhi ngqphuthuma ngaya esibhedlela, futhi—futhi ngacela ukubona ingane. Futhi bangithumele lapho ingane ibikhona. Futhi egunjini, ngihlangane nomama, ohlezi okhona manje. Futhi ungitshele ukuthi umama wakhe umbambile cishe ihora ngaphambi kwalokho, noma into enjalo, futhi umtshelile lokho iNkosi ebingicindezela ngakho, ukuba ngiye kuleyongane. Futhi

lapho esebuyela embhedeni; ingane yayilele lapho, ikhahlela, yenzisa okwengane futhi ihleka.

22 Ngakho-ke ngangena, nensizwa encane yayikhahlela nje futhi ihleka, inceliswa ebhodleleni layo elincane, nakho konke, ngokujwayelekile nje njenganoma imuphi umntwana owake wambona empilweni yakho. Futhi ngavele ngabeka izandla zami phezu kwalomfo omncane, manje, niyabo, ngase ngimbusisa, ngase ngiphuma esakhiweni.

23 Futhi ngavele ngezwa umama esho, emizuzwini embalwa edlule, sebevele bayithathile bayisa ekhaya. Ngakho-ke lokho—lokho bekuyizolo, ngenkathi kwenzeka, futhi namuhla ingane isekhaya iphilile. Ngakho-ke si . . . Lokho bekungukuthi . . .

24 Lokho kungcono kunami ngishaya izingcingo eziyikhulu, ngaphakathi kimina. Ukuthula phambi kweNkosi, ukuze Ingakwazi ukukutshela nje ukuthi uyephi, futhi ngaso sonke isikhathi kuphelele. Niyabo? Yi—yiNkosi eholayo.

25 Manje omunye uthi, "Awu, hamba uye *ngapha*, Mfowethu Branham. Yehlela *lapha*." U—ungena esiyaluyalwini esinjalo, ku*lokhu*, na*lokho*, *lokho*, wena . . . UNkulunkulu angeke akhuluma nawe.

26 Uma nje ubungahlala phansi, uthi, "NgiyaKubonga." Kubeke phambi kweNkosi. Uthi, "Manje, Nkosi, Wena ufuna ngenzeni ngalokhu na? Manje, uyazi ukuthi ngiyinceku yaKho, nalokho Wena . . . "

27 Kodwa, niyabo, iNkosi yazi ukuthi ngizoya lapho ngokushesha nje lapho Isikhulume enhliziyweni yami, Uyiphulukisile ingane ngaphambi kokuba ngisho ngifike lapho. Kunjalo. Niyabo? Ngakho-ke, niyabo? Yebo, mnumzane. Niyabo, bekungemina ngiya lapho.

Manje wena uthi, "Bekuyini lokho, Mfowethu Branham na?"

28 Niyabo, sineziphiwo eMzimbeni kaKristu. Futhi uMoya oNgcwele qobo lwaWo, wazi ukuthi lokho kwakuyini, isinxuselo lapho, uMoya oNgcwele wawucindezela phezu kwami kuleyongane. Futhi kwathi nje ngingakhulekela ingane, ngisho nasekhaya. Futhi ngaya enganeni, ngoba lokho kwakungukugcwalisa Akushoyo. UMoya oNgcwele wenza ukunxusela lapho, ezintweni esingenakuziqonda, ngisho. Niyabo? Akamangalisi Yena na?

29 Ngiyanitshela, bangane, kulobubusuku nginokuningi kakhulu engingabonga ngakho! A—angazi nje ukuthi ngizoqala kanjani, futhi bengingeke ngisho ngizame. Ngithole . . . Angazi.

30 Ngizofunda nje amaZwi ambalwa lapha emBhalweni, futhi ngikhulume ngawo imizuzu embalwa, iNkosi ithanda.

31 Kodwa, kuqala, ngifuna ukuzwakalisa ukubonga kwami kuJesu Kristu, iNdodana kaNkulunkulu, ongisindisile futhi wangihlanza eGazini laKhe uQobo, futhi unginika lelithemba

elihle nelikhazimulayo, ukuthi ngolunye usuku ngiyoMbona, ubuso nobuso. Futhi angiyikuma lapho ekulahlweni, ngoba iGazi laKhe selivele lingihlengile. Futhi ngihlengiwe, kulobubusuku, ngeGazi leNkosi uJesu Kristu. Futhi i . . .

32 Lokho Angiphe khona, ukuba ngibe umfo wakithi eMbusweni ofanayo nonke eniya kuwo, futhi thina ndawonye siyizindlalifa ezihlanganyela kanye naYe eNkazimulweni! Kuyinto emangalisa kanje pho!

33 Futhi bengihlezi, izolo kusihlwa, ngikhuluma nabanye abantu okhona ngaleso sikhathi. Futhi namhlanje, ezansi le, ezansi kwe-Elizabeth, etafuleni likamfowethu, lapho ebesihlezi khona, sinedina namhlanje. Futhi besikhuluma ngamaqiniso ayisisekelo, noma iVangeli eliyisisekelo esinalo, futhi iqiniso elinjalo ngaleya kwanoma yiliphi ithunzi lokungabaza. Asinandawo, nhlobo, yanoma yikuphi ukungabaza.

34 Lelitabernakele, nabantu, amalunga alo, nabantu baseJeffersonville namaphethelo, bayokuma ekwaHlulelweni. Uma singasindisiwe, sizoma ngokuphelele ngaphandle kwezaba.

35 Esikhathini esithize esedlule, njengomfundisi osemusha, ngenkathi imvuselelo yami yokuqala ifika; Benginayo ngapha ekhoneni, lapho lomklamo wezindlu, ethendeni. Ngangibhaphathiza iqembu ezansi emfuleni, ngaleloSonto ntambama, ngenkathi iNgelosi yeNkosi yenza ukubonakala kwaYo kokuqala emphakathini, ekuqinisekiseni uMlayezo engangizowukhuluma. Futhi KwakungukuKhanya okwehla kuvela eZulwini futhi kwama lapho. Abantu mhlawumpe basetabernakele kulobubusuku, abama futhi babona lokho kuKhanya. Futhi ngaqala ngaya phambili, ngikuxoxa, kanjalonjalo. Futhi nonke niyazi ukuthi indaba ihamba kanjani; futhi kuqhubeke futhi kuqhubeke.

36 Futhi abantu ngesinye isikhathi bayosuka bahambe, futhi bathi, "Lokho umcabango nje." Bayoshiya umhlangano lapho abantu bebeyoKubona, futhi basuke bahambe, bathi, "NgiKubonile." Abanye bathi, "Awu, angiKubonanga."

Manje, kusobala, uNkulunkulu uvumela abone lowo Afuna ukubone.

37 Ngenkathi izazi zilandela izinkanyezi, akukho nelilodwa ichashaza lomlando, lanoma yikuphi ukupopola kwasemkhathini, nanoma yini . . . Futhi babegcina ngisho isikhathi ngezinkanyezi. Kodwa akekho obone leyoNkanyezi ngaphandle kwezazi, niyabo, kunjalo, ngoba zaziYibhekile. Futhi zazilindele ukuYibona, futhi Yabaholela kuKristu. Futhi, nokho, Yedlula kukho konke ukupopola kwasemkhathini, futhi lapho—lapho abantu bebuka ezibhakabhakeni, ukuba basho izikhathi, nokunye nokunye. Kodwa akukho-muntu owaYibona

ihamba, ngaphandle kwezazi, ngokuba zazihloselwe ukuba ziYibone.

Uma uNkulunkulu ehlose ukuba ubone into ethize, uzoYibona.

38 U-Eliya emi eDothani, ngalesosikhathi, futhi waqalaza. Futhi inceku yabuka ngaphandle, yase iethi, "O, buka e..." AmaSiriya ayekanisile. Kodwa eyakhe...

39 U-Eliya wathi, "Ngani, baningi abanathi kunalabo abanabo." Waqalaza, akabonanga lutho kodwa u-Eliya emi lapho. Wathi yena...

40 "Nkulunkulu," wathi, "vula amehlo alensizwa, Nkosi." Futhi lapho, ngamehlo afanayo, amehlo abonayo kuphela, ukuthi, lapho evula amehlo akhe, ngakulowomprofethi kwakumi izinqola zomlilo, namahhashi omlilo. Futhi, niyabo, yena... Kwakuyi...

41 Kusendaweni ethize. Futhi siyazi ukuthi uBukhona baKhe bunabantwana baKhe abakholwayo.

42 Bengikhuluma, ngathi...Ekamelweni kwakuhlezi umkami, futhi sasikhuluma ngalokho kuKhanya okufanayo, lapho Kufika futhi kwathathwa isithombe saKho.

43 Futhi nje ngithathisela emuva, kulobubusuku, kulokho okumangalisayo, ngiyakholwa ukuthi okungenani oyedwa noma abantu ababili, abantu abathathu, ngiqagele, kwakukhona, esakhiweni manje; okunguDavid emuva lapho, uMfowethu Wood, noDadewethu Wood; kwakuseHouston, eTexas, ngenkathi isithombe, ngenkathi uNkulunkulu esivumela ukuba sithathwe.

44 Manje, uma ubumile kulobubusuku, futhi wabuka leyoNgelosi, izungeza! Kukhona abaningi benu phakathi lapha, mhlawumpe, abangakaze baYibone. Kodwa, niyabo, lokho kuKhanya, iNsika yoMlilo eyahola abantwana bakwa-Israyeli! Leyo eyangena ezitokisini zasejele noPetru, futhi—futhi—futhi yamkhulula etilongweni; leNgelosi yeNkosi. Futhi naNsi lapha, emva kwawo wonke lawomakhulu, yebo, izinkulungwane zeminyaka, iselapha nathi manje. Niyabo? Futhi Yaba nesithombe saYo sithathiwe, imi lapho engangimi khona. Manje, qhabo, hhayi ukwenzela mina; kodwa okweBandla, okoMzimba wamakholwa. Niyabo, kungokomuntu wonke. Manje qaphelani. Uma...

45 Ngi—ngiyakholwa ukuthi empeleni kwakuyiNsika yoMlilo yangempela eyahola abantwana bakwa-Israyeli. Anikukholwa lokho na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INsika yoMlilo nje.

46 Futhi empeleni ngiyakholwa ukuthi lokho kuKhanya kungena etilongweni, futhi—futhi—futhi lapho uPetru ayekhona. Anibukholwa lobo bufakazi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Ngiyabukholwa ngayo yonke inhliziyo yami, ngaphezu nje kokuba ngikholwa ukuthi igama lami nguWilliam

Branham. Ngi—ngiyakukholwa lokho, niyabo. Ngiyayikholwa leyondaba.

47 Kodwa, nokho, sinobunye, ubufakazi obuqinile obuqavile ngakho kunalokho. Sinabo. Sinobufakazi obengeziwe, obuqinile obuqavile. Manje, ngiyakukholwa lokho ngokukholwa.

48 Futhi ukuba-ke iNgelosi yeNkosi ibimi lapha manje, izungeza, futhi onke amehlo enu abeyofanekisa ukuba aKubone. Lokho bekungaba kuhle kakhulu. Kodwa ukubuka esithombeni saYo, kuwubufakazi obuningi kakhulu kunalokho ukube ubuKubuka ngamehlo akho. Niyabo? Akunjalo na? Ngoba, ungahle ube nokukhohliseka kwamehlo. Kodwa lowo mech- . . . Leyo khamera ngeke ithathe ukukhohliseka kwamehlo. Angeke ikwenze, ngoba yi—yikhamera. Futhi izothatha isithombe sangempela. Ifanele ibe lapho, ukuze kushaye ilensi ingilazi eqoqa imisebe yokukhanya. Niyabo?

49 Ungaba nokukhohliseka kwamehlo, nezinto ezibukeka sengathi yikho, ngenkathi kungesikho. Niyabo? Kodwa lapho isithombe ukuthi . . .

50 Futhi bekungaba yinjulamqondo. Ungasho ukuthi, "Uyakubona lokho lapho na?" Futhi ulokhu uthi, "Yebo, ngiyakukholwa." Futhi ukukholwe kakhulu uze ngempela ucabange ukuthi uyakubona, ngenkathi ungakuboni. Niyabo? Kunjalo. Kodwa, lokho kuyinjulamqondo. Kodwa, wena, kuvele kukucindezele kakhulu ngokomqondo ngakukho, uze wena—wena ukucabange nje, ukucabange kakhulu kuze kube ngokoqobo.

51 Cabanga nje kukhona othize okuzondayo, kanye. Futhi abakuzondi, kodwa ucabanga ukuthi bayakuzonda. Futhi ulokhu ucabanga nje, "Abangithandi." Futhi into yokuqala, uzobe umgwema lowomuntu, kuyilapho bengenzanga lutho kuwe. Futhi emva kwesikhashana, kuba ngokoqobo kakhulu kuwe, uze ngempela ukholwe ukuthi lowo muntu akakuthandi. Futhi ungahle ubaklabalasele, noma usho okuthize kuwe. Isibonelo nje, umkakho, noma umyeni wakho, noma umakhelwane othize, noma into enjalo, lapho, umuntu emsulwa ngokuphelele kunoma iyiphi into embi. Kungenxa yokuthi uvele ukucabange kanjalo, kodwa, kuze kube ngokoqobo kuwe. Manje niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

52 Kodwa, empeleni, lapho isithombe sithathiwe, sizofanele sibe lapho.

53 Ngakho-ke, kulobubusuku, sedlulile, njengoba uMfowethu Graham ezwakalisile esikhashaneni esedlule, eningi impumelelo nokungaphumeleli kwebandla, nokunye nokunye. Sedlule ezingozini eziningi, izinkathazo nezihibe; lokho kuye kwahlelwa ngokwehlukile, kwasho ukuthi sasi "ngabanganaki," naba "gingqiki abangcwele," nazo zonke izinhlobo zamagama, nokunye nokunye, kanjalo.

54 Kodwa, nokho, phakathi kwakho konke, uma lelitabernakele belizoshiswa liphele, kulobubusuku, futhi bengingafanele ngife, nani nonke nifanele nihambe, nani, kulobubusuku, ubufakazi bethu buyiQiniso ngokoqobo. Kunezigidi zabantu abazile ngaYo. Futhi ubufakazi besayense buyafakaza; hhayi izwi lethu kuphela, esilisho ngaphambi kokuKhanya, ngaphambi kokuba iNgelosi ike ize ithathe isithombe saYo. Kwafakazwa, kusukela ebuntwaneni, ukuthi lokho kuKhanya kuyafika. Iminyaka, abaningi benu abahlezi lapha, bangizwa ngikhuluma ngakho, iminyaka neminyaka, futhi bazi konke ngakho, iminyaka neminyaka ngaphambi kokuba isithombe sike size sithathwe. Futhi ngenkathi izwe lesayense lithola isithombe saYo, Kwakuyinto efanayo impela esafakaza ngayo. Ngakho-ke lokho kukhombisa ukuthi ukhuluma iQiniso. KuyiQiniso ngokuphelele.

55 Ngakho-ke, kulobubusuku, ngibonga kakhulu ukwazi ukuthi uJehova uNkulunkulu omkhulu, owake wabhonga eNtabeni yaseSinayi, owake wama entabeni futhi wafundisa imibusiso, futhi wavuka kwabafileyo, uphakathi kwethu kulobubusuku, futhi uyafana. Njengoba Wayenjalo ngaleyonkathi, Unjalo namuhla, futhi uyoba njalo kuze kube phakade.

56 Futhi ukucabanga ukuthi Yena, uNkulunkulu waseZulwini, wayezozihlambalaza Yena uqobo, ukwehla futhi azihlanganise nabanjengami nathi lapha, abantu abampofu, hhayi okuningi kwempahla yalelizwe. Futhi nje ongafundile, nginjalo, futhi nokho Wangithanda kakhulu, kangangokuthi Wehla futhi wangisindisa ngomusa waKhe. Akukho engangikufanele, noma, engangingeke ngikwenze, kodwa Wangisindisa. Ngoba, ngaphambi kokusekelwa kwezwe, Wangimisela ngaphambili ukuba ngisindiswe, ngokwazi kwaKhe ngaphambili, ngaphambi kokuba umhlaba uqale. Futhi wonke omunye umuntu osindisiwe, Wabenzela into efanayo. O, into emangalisa kanjena pho! Ithuba elihle kanjena okuyilo pho!

57 Futhi isifiso senhliziyo yami yonke siwukuthi, kulonyaka, uma uNkulunkulu ezozwa umkhuleko wami . . .

58 Ngingahle ngingakwazi ukuhlala manje kuze kube phakathi kwamabili. Nginamantombazanyana amabili emuva lapho, ayozela, futhi iyatetema futhi iyakhala. Kungase kudingeke ngiwakhiphe, kuqala.

59 Futhi ngifuna ukusho lokhu, uma ngingalitholi ithuba lokubuya ngisukume futhi ngifakaze, ukuthi ngi—ngine . . . ngifuna ukunibonga ngamunye wenu ngomkhuleko wenu eningikhulekele wona kulonyaka. Uma niyoke ningenzele phansi, sengihambile. Kunjengoba nje ningiphakamisa, ngomkhuleko, ngiqhubeka kanjalo empini.

60 Futhi ngi—ngiyanithanda, njengoba umfowethu eshilo esikhathini esedlule, ngayo yonke inhliziyo yami. Angifiki lapha njengoba bengifanele. Angikwazi ukubona abantu futhi ngikhonzise ekhaya, njengoba ngi—ngifuna, njengoba inhliziyo yami injalo. Kodwa ngingumuntu nje, futhi ngi—nginqunyelwe kakhulu emahoreni athile namandla athile, nokunye nokunye.

61 Futhi manje, kodwa ngosizo lukaNkulunkulu, uma Ezongisiza, ngifuna lonyaka ube ngunyaka omkhulu kunayo yonke engake ngaba nayo empilweni yami. Manje sengibe, ngomusa kaNkulunkulu, ngizuzele uKristu imiphefumulo engaphezu kwengxenye yesigidi. Futhi ngiyethemba, kulonyaka, ukukwenza kube yisigidi esigcwele, uma uNkulunkulu ethanda. Isizathu, uma uNkulunkulu evuma, ngifuna ukuqala phansi ngidabule a—amazwe angaphandle futhi, masinyane nje uma ngokwezezimali, nokunye nokunye, sikwazi ukukwenza. Futhi singene kwamanye amazwe ngapheseya lapho, lapho sizuza khona izinkulungwane eziningi kakhulu ngesikhathi esisodwa.

62 Futhi ngiyazi ukuthi usuku selusondele. Amahora asechithiwe kakhulu. Ukuhwalala kuyehla, bangane. Futhi ngifuna ukwenza konke engingakwenza, ngokuba lesi yisikhathi kuphela wena nami esiyoke sibe ngabafayo. Lesi yisikhathi kuphela esiyoke sibe nenhlanhla, lalo lonke iPhakade, ukuzuza umuntu othize kuKristu. Asikwenze. Konke esingakwenza. Asibeke lonke ihora ngalinye, esingakwazi ukulenza, eNkazimulweni yaKhe. Leyo yinjongo yami kulonyaka ozayo. Futhi ngosizo lukaNkulunkulu, imikhuleko yenu, ngizophumelela. Ngakho-ke, ngikhulekeleni manje.

63 Futhi manje asikhothamise amakhanda ethu umzuzwana nje, ngokuvulwa kweZwi.

64 Baba, leli yiZwi laKho laPhakade libekwe lapha phambi kwami. "Akekho umuntu eZulwini noma emhlabeni owayefanele ukuthatha iNcwadi, aqaqe iziMpawu, noma abuke kuyo, kodwa iWundlu elahlatshwa kusukela ekusekelweni kwezwe." Manje siyaLibiza. Futhi uma sithole umusa emehlweni aKho, siyakhuleka, O Wundlu likaNkulunkulu, ukuthi Uzothatha lemizuzu embalwa manje, njengoba siphenya emuva amakhasi eZwi laKho, futhi Livulwe ezinhliziyweni zethu. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

65 Manje, bengizotadisha, isikhashanyana nje kulentambama, ezintweni ezimbalwa engizokhuluma ngazo, okwalobubusuku, kodwa angikwazanga ukungena ngesikhathi ukwenza kanjalo. Ngakho-ke umkami wehla noBilly, futhi ngi—ngidingeke ngifinyelele phakathi futhi nje—nje ngiphenye iBhayibheli.

66 Futhi ngicabangile, "Awu, ngizokweqa lokho, uMelkisedeki." Futhi ngicabangile, "O, he! Uma ngingena kulokho, abanye, abafowethu, bebengeke babe naso isikhathi sokukhuluma." Futhi ngakho-ke, kulokho, ngibambelela lokho

ezinsukwini ezimbalwa, iNkosi ithanda, ngakho-ke uma sinesikhathi esiningi, manje.

67 Bese kuthi-ke ngithole isahluko se 10 seZenzo, sikhuluma ngeBandla lasekuqaleni. Uma noma ubani efisa, futhi eneBhayibheli, lowo ongaphenya eZenzweni isahluko 10, ngokuba isiyalo esincane nje imizuzwana embalwa.

68 Futhi ngenkathi nisaphenya, ngizonikeza ukubuka okuyoba yikho okuncane kwemuva. NgeSonto eledlule, iviki eledlule, ngiyakholwa manje, noma ngeSonto eledlule bekuyilo, iviki eledlule, ukuthi sitadishe eNcwadini yeZenzo, mayelana neBandla lasekuqaleni. SiseZenzweni 2, ngiyakholwa. Lapho ngenkathi bededelwa bahambe, futhi baye kokwabo . . . Kukanjani . . . UPetru wabatshela, ngokuthi babefanele ba "phenduke kanjani, futhi babhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi bemukele uMoya oNgcwele."

69 Manje ngingathanda ukwenza ukuzwakalisa okuncane. Ngabe noma yini ikahle, kulobubusuku, emsamo na? [UMfowethu Neville uthi, "Amen."—Umhl.]

70 Bukani, niyabona, wonke umuntu ubelokhu ethi, "Mfowethu Bill, akekho okuqondayo." Awu, mhlawumbe ngiyinqaba encanyanyana, kodwa, niyazi, kodwa a—angiqondile ukuba njalo. Kodwa nginemibono yezinto, nezinkolelo zami. Manje, ngike ngempela . . .

71 Ngikholisisekile ukuthi izinto eziningi, lokho—lokho okusemBhalweni, lokho okungobuphostoli, ukuthi asikwenzi, kulolusuku.

72 Futhi, okwesibonelo, into eyodwa, abantu abaningi bathe, "Kanjani, uma uphandle kuleyomihlangano yokuvangela, ubayisa kanjani abantu abayizinkulungwane ezingamashumi amathathu e-altare ukuba basindiswe na?" Abadingekile ukuba beze e-altare ukuze basindiswe. Into kuphela abafanele bayenze ukukholwa eNkosini uJesu Kristu. Kunjalo na?

73 Ngifuna nje ukunibuza okuthize, futhi kucabangeni, khona-ke ngizothola izincwadi zenu kuleliviki elizayo. Niyabo? Nginga . . .

74 Angikwazi ukuba yiKatolika. Kodwa, iKatolika likholwa ukuthi leliZwi liphefumulelwe, kodwa, "Ibandla lingaphezu kweZwi." Angikwazi ukuba iProtestani. Ngokuba, amaProtestani avele athathe okuningi lokho acabanga ukuthi Kulungile, futhi, "Okunye kwaKho akuphefumulelwe."

75 Ngakho-ke, ngikholwa yilokho okushiwo yiBhayibheli, ukuthi kuyiQiniso. Ngikholwa ukuthi Lelo yiZwi likaNkulunkulu. Ukuze ngikholwe Lokho, ngifanele nginikele impilo yami yonke nentando yami yonke kuLokho, ukukholwa ukuthi Lelo yiQiniso, ukuthi akukho okunye okuyiQiniso

ngaphandle kwaLelo. Akusekho okuyokwengezwa kuLo, noma akukho okuyosuswa kuLo. Yileyondlela nje eLifanele libe ngayo. “Futhi noma ubani oyosusa kuleyoNcwadi, noma engezele kuYo, okufanayo kuyoksuswa eNcwadini yokuPhila,” kwasho uNkulunkulu, eSambulweni. “Noma ubani osusayo, noma anezele kuLokhu!” Leyo yintando kaNkulunkulu ephelele, nesambulo sikaJesu Kristu, kubantu. Kunjalo. Manje, ukuze ngenze lokho, ngifanele ngikholwe ukuthi iZwi likaNkulunkulu liyiQiniso ngokoqobo.

76 Futhi eZenzweni 2:38, ngenkathi uPetru ethi, “Phendukani, nonke!”

77 Bathi, “Madoda bazalwane, singenzenjani na?” kuqala. Babefuna ukusindiswa.

78 Manje bhekisisani. Yena uyakhuluma lapho kwabangakholwayo. Manje bhekisisani ukuthi wathini. Wathi, “Phendukani, yilowo nalowo!” Manje kusho ukuthini uku*phenduka* na? Uku*phenduka* kusho “ukuzisola ngalokho okwenzile.”

79 Isibonelo nje, uma-ke ngijike ngapha ngqo lapha manje futhi ngishaye umfowethu, ngaphandle kwesizathu. Futhi ngifuna ukuphenduka ngakho; bengiyothi, “Mfowethu Neville, ngiyaxolisa ngenze lokho.” Niyabo? Awu, khona-ke, uma ngithi, “Ngiyaziso ukuthi ngikwenzile,” futhi ngikusho ngokusuka enhliziyweni yami, ngingophendukile.

80 Futhi uma ngiyazisola ngezono zami, futhi ngicela uNkulunkulu angithethelele, ngingophendukile. Ngabe kunjalo na? Kulungile. UPetru wathi, “Phendukani, noma nizisole ngezono zenu, bese-ke nibhaphathizwa eGameni likaJesu Kristu kukho ukuthethelelwa kwezono zenu, futhi niyakwamukeliswa isiphiwo sikaMoya oNgcwele.” Ngabe lelo yiqiniso na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile. Endlini, nini . . .

81 UPawulu noSila babekade benomhlangano, futhi babekade beboshiwe, beshayiwe, ngoba babekhipha umoya omubi kumbhuli. Futhi ngenkathi besejele laseFilipi. Futhi ngalobobusuku, lapho bahlabelela amaculo, futhi bona . . . INkosi yathumela ukuzamazama komhlaba, futhi kuzamazamisa ijele kanzima kakhulu kwaze kwathi lona, amaketango, aqathaka ezandleni zabo. Umgciniziboshwa wahosha inkemba yakhe, ukuba azibulale. Futhi uPawulu wathi, “Ungazilimazi, ngoba sikhona sonke.” Futhi wathi . . . Yini angayenza ukuze asindiswe na? Wathi, “Kholwa eNkosini uJesu Kristu, nendlu yakho yonke . . . yonke inhliziyo yakho, futhi uyakusindiswa, wena nendlu yakho.” Qaphelani, “Kholwa eNkosini uJesu Kristu.”

82 Manje, uma umuntu ezisola ngezono zakhe! Ngifuna nje ukukuthatha kalula, ukuze kuzocwila kujuke ngempela. Uma umuntu ezisola ngezono zakhe, futhi ephenduka, ezisola

ngezono zakhe, futhi emukele uJesu Kristu njengoMsindisi wakhe, ezonweni zakhe, futhi abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu; UNkulunkulu ungaphansi kwesibopho, ngawo lowomzuzu, ukunikeza umuntu umbhaphathizo kaMoya oNgcwele. Uma Engenjalo, Angeke . . . Akaligcinanga iZwi laKhe. Ngabe kunjalo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.]

83 Manje, kungani yonke imihlangano ehlala isikhathi eside, khona-ke na? Kungani bonke ubufakazi nezinto esifanele sibe nazo na?

84 Manje, uJesu wathi, uJohane oNgcwele 5:24, "Ozwa izwi laMi, akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okuphakade." Manje, uma "ukuPhila okuphakade," lisho ukuthini igama elithi *okuphakade* na? Lokho kuchaza, "okungenakuphela." Uma yena—uma yena . . . "Ozwa amaZwi aMi, futhi akholwe NgoNgithumileyo, unokuPhila okungenakuphela."

85 Kungani konke ukubuya no—nokuzama ukuphinda ukusindiswa, nazo zonke lezizinto, manje-ke na?

86 Uma unokuPhila okungenakuphela, angeke ubhubhe. UkuPhila kwakho ngeke, ngoba unokuPhila okuphakade.

87 Manje, uma abanye benu bengahle bafune ukubheka igama, nizothola phakathi lapho, igama lesiGreki, lino *Zoe*, Z-o-e, igama lesiGreki, elisho ukuthi "ukuPhila kukaNkulunkulu."

88 Ngoba, uma kungokuphakade, yinye kuphela into ephakade, futhi loyo nguNkulunkulu. Ungu, "Kusukela kokuphakade kuze kube phakade, Wena unguNkulunkulu." Manje, uma Esuka kokuphakade kuze kube okuphakade, futhi ekunika okuphakade kuze kube sekuPhileni okuphakade, khona-ke uyodingeka ube yingxenye yesiDalwa saKhe esiphakade. Ngabe kunjalo na? Futhi uma uba yingxenye yesiDalwa saKhe esiphakade, lokho kukwenza indodana noma indodakazi kuYe; okugcwalisa ncamashi lokho umBhalo othi, "Singamadodana namadodakazi kaNkulunkulu." Ngabe kunjalo na?

89 ULithole nini na? Lapho umemeza na? Lapho uya e-altare na? Lapho ukhuluma ngezilimi na? Lapho ukholiwe! Sibhaphathiza abaningi kakhulu abangakholwa. Sizwa abaningi kakhulu, bekhuluma ngezilimi, abangakholwa. Sikwenze ubufakazi, futhi senza izinto, futhi sazendlala, sithi, sithi, "Uma wenza *lokhu*, unaWo." Akukho lutho eBhayibhelini, akukho ndawo eBhayibhelini, ukuthi ungaqhasela phansi umuntu, "Ngoba wenza *lokhu*, ukuthi ungumKristu."

90 UngumKristu ngoba uyakholwa. Futhi ukuphila kwakhe uqobo kuthela isithelo sikaMoya, akunandaba ukuthi wenzani. Niyabo? Yilokho-ke. Manje, futhi uma ukholwa, wemukela ukuPhila okuphakade. Futhi ukuPhila okuphakade nguNkulunkulu; futhi uNkulunkulu unguMoya oNgcwele. Ngabe kunjalo na?

91 Uma uNkulunkulu noMoya oNgcwele kungeyena uMuntu oyedwa, uJesu wayenoBaba ababili. UJesu washo ukuthi "uNkulunkulu" kwakunguBaba waKhe, neBhayibheli liyasho ukuthi "uMoya oNgcwele" kwakunguBaba waKhe, ngakho-ke bobabili babenguMuntu oyedwa.

92 Futhi uma wemukela uNkulunkulu, ukuPhila okuphakade kuwe, manje-ke yini oyemukelile na? Yilokho engifuna ukukwazi. Niyawuthola umqondo na?

93 Sigcwele kakhulu isichasiso esibonwa ngokucabanga kwengqondo, ibandla belinjalo, ngoba lenziwe ihlelo. Lelihlelo lithola *lokhu*, bakholelwa ku*lokhu*, benza ihlelo ngakho. Abakwazi ukuhamba baqhubekele phambili kunalokho.

94 Kodwa iBandla likaNkulunkulu liqhubeka njalonjalo, liqhubekela. Livele lihambe lisuke ngqo futhi lishiye amahlelo ehlezi ngemuva. Lisukile kuLuther. Lisukile kwiMethodisti. Lisukile kwiBaptisti. Lisukile kwiPresbyterian. Futhi Lisukile kwiPentekoste. Impela. Isizathu, ukuPhila okuphakade kuyaqhubeka, niyabo, futhi uyaKuthola ngoba (ngani na?) ukholelwa eNkosini uJesu Kristu.

95 Manje kukhona izinto ezimbili nje. Bukani. Kuphakathi kokuthi ungongakholwayo noma okholwayo.

96 Kuphakathi kokuthi yisikhathi sasemini noma isikhathi sasebusuku. Ngabe kunjalo na? Manje, angikwazi ukusho, "*lokhu* nje okuningi kwalokhu ku—ku—kuyisikhathi sasebusuku. Lokho nje engikubona ngalelofasitela, yilokho isikhathi sasebusuku esiyikho." Qhabo, qhabo. Yonke into yisikhathi sasebusuku. Kunjalo.

97 Manje, bhem-. . .njengoba ngihlale ngisho. Ukubhema usikilidi, ukupilomba, nokuphuza ugologo, lokho akusiso isono. Lezo yizigxenye ezingehlukaniseki zesono. Wenza lokho ngoba ungongakholwayo.

98 Futhi ukuphila ngokulunga, ngobungcwele, ngokuthula, ngokuzola, ngokuthula, nokuthandeka, no—nokobudlelwane, nokunye nokunye, lokho akusikho ukuthi ngoba ungumKristu. Lokho nje yizingxenye ezingahlukaniseki zobuKristu. Kungenxa yalokho okukuwe, okwenza lokho. Futhi uma ukulingisa, noma ukwenza ngoba ufanele ukuba ngumKristu, ungumzenzisi, kunjalo, uma impilo yakho ingaphilwa ngobumnandi. Ngoba, kuwena, Kukhona okuphumayo. Kuyakwenza, kukwenza uzizwe ngaleyondlela.

99 Uzokwedlula ezilingweni, nasezinkathazweni, impumelelo nokungaphumeleli kwakho, nokungaqondwa kahle. Lokho akuhlangene ngalutho naKho.

100 Ngenkathi u-Israyeli ehlubuka futhi wehlela eGibhithe, babehlubukile. Abazange balahlekelwe isivumelwano sabo. Balahlekelwa ukuthokoza kwabo kwensindiso yabo.

101 UDavide akazange athi, "Buyisela kimi insindiso yami." Wathi, "Buyisela kimi ukuthokoza kwensindiso yami." Insindiso yakhe yayifanele ihlale ifana. Kodwa wahamba ngesiphetho esingalungile futhi walahlekelwa ukuthokoza kwensindiso yakhe. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na?

102 Wasindiswa nini na? Wangcweliswa nini na? Wagcwaliswa nini ngoMoya oNgcwele na? Ngenkathi ukholwa eNkosini uJesu Kristu! Ngokuba, wemukela, lapho, ukuPhila okuphakade.

103 Kodwa-ke, kusukela lapho kuqhubeke, waqala ukukhula. Waqala ukukhula. Wakhula ngokungcweliswa, ngoMoya oNgcwele, nangokukhuluma ngezilimi, nangazo zonke lezizinto lapha.

104 Kodwa wemukela ukuPhila ngenkathi ukholwa. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Futhi manje lokho akunjalo . . . Abanye abantu sebevele banokuPhila, futhi uzama ukubathola ukuthi benze okuthize *lapha*, lapho bengakafinyeleli ngisho kuleyondawo okwamanje. Futhi abantu bePentekoste abakaze . . . ufike endaweni lapho iBandla lifinyelela khona manje, esimweni sobuntwana, noma ekubekweni kwamadodana.

105 Manje, eTestamenteni eLidala, lapho indodana yayizelwe ekhaya, yayiyindodana ngoba yayizalelwe ekhaya. Indodana yami iyindodana yami uma yazalelwa mina.

106 Futhi lapho iBandla lepentekoste lizala, noma lithola lokho ababekubiza ngo "kuZalwa, ukuZalwa okusha, noma iBandla likaMoya oNgcwele," ukuthi bazalelwe eMbusweni kaNkulunkulu.

Awu, manje, eTestamenteni eLidala . . .

107 Manje, kwabase-Efesu, isahluko 1, Kwathi, "Simiselwe ngaphambili ukuba sibe ngamadodana." "Ukuba sibe ngamadodana"? Bhekani kulokho, "Ukuba ngamadodana!" Yebo, mnumzane.

108 Futhi umuntu, eTestamenteni eLidala, lapho wayenendodana ezalwa endlini yakhe, yayiyindodana ngenkathi izalwa. Kodwa kwakukhona umfundisi owayekhulisa lowomntwana baze bafike eminyakeni ethile. Khona-ke uma lomfundisi waye . . . waletha izwi kuyise, ukuthi umntwana wayefanelekile futhi ekahle, nayo yonke into, manje, kwakune . . . Waye—wayebe-ke esethathwa kulowomndeni. Abaningi benu bafundi beTestamente eLidala niyawazi umBhalo ngalokho. Wayethathwa emndenini. Kodwa uma wayengenjalo, wayesalokhu eyindodana, kodwa wayengakathathwa. Bese kuthi-ke uma wayesethathiwe, wayekhishelwa emgwaqeni, agqokiswe ingubo ende, futhi khona-ke kwakwenziwa umkhosi. Bese kuthi-ke ukusayina kwalomfana, eshekeni, kwakusho okufanayo njengokukayise.

Ngokufanayo nje, ngoba wayesethathwe ngokugcwele enhlanganyelweni yomndeni.

109 UNkulunkulu wathatha iNdodana yaKhe uQobo, ngenkathi EYenyusela phezulu; wathatha uPetru, uJakobe, noJohane, njengofakazi. "Ngomlomo wawofakazi ababili noma abathathu, wonke amazwi maliqiniswe." Futhi wenyukela lapho, futhi uNkulunkulu wasibekela uKristu. UMoya oNgcwele wasibekela uKristu, nezingubo zaKhe zakhanya njengelanga. Ngabe kunjalo na? Futhi uNkulunkulu qobo lwaKhe wathi, "Le iNdodana yaMi ethandekayo. Yizweni." Ngamanye amazwi, "Nakho-ke. Akushoyo kuyikho konke kwaKho." Futhi khona-ke wanikezwa ngokulingana . . . Futhi, kusobala, KwakunguNkulunkulu, kodwa uNkulunkulu enyameni kaJesu Kristu, EZibonakalisa kubantu. Futhi, lapho, uNkulunkulu wathatha iNdodana yaKhe uQobo.

110 Futhi manje ngenkathi ibandla lePentecostal nalababantu ezinsukwini zokugcina lapha sebeqala ukuthola ukuZalwa okusha, ukuzalwa ngokusha, bacabanga ukuthi bakuxazulula. Qhabo, mnumzane. Impumelo nokungaphumeleli, Ukungena nokuphuma, nezinto ezinjalo, uNkulunkulu angeke akubeke njengendodana.

111 Kodwa uma uhlala eMbusweni, hlala eVangelini, hlala kahle, ngolunye lwalezizinsuku uNkulunkulu uyokubiza futhi akubeke eceleni, akuthathe njengendodana yaKhe, phambi kwabantu, futhi akunike okuthile okuyozamazamisa izizwe, ngakho. Niyabona ukuthi ngiqonde ukuthini na? Isimo sobuntwana emndenini.

112 Manje, laba ababeMlandelile; uPetru, uJakobe, noJohane. Sikhuluma ngoPetru kulobubusuku, umbono omkhulu, ukuthi lawomadoda ayephila kanjani ngalolosuku.

113 Futhi manje, okokuqala, phezulu lapha emashumini amabili- . . . noma, ivesi lama 32 lesahluko esedlule, i—isahluko 9.

> *Kwathi uPetru*, edlula *ezindaweni zonke*, . . . *wehlela* . . . *kwabangcwele* ababeseListra.
>
> *Wafumana khona umuntu othile ogama lingu-Eneya*, egciniwe . . . *owayeselele ecansini lakhe—lakhe iminyaka eyisishiyagalombili, efe uhlangothi.*
>
> *Khona uPetru wathi kuye, Eneya, uJesu Kristu uyakuphilisa: vuka, wendlule icansi lakho. Wayesevuka masinyane.*

114 Kubhekisiseni. Manje bukani ukuthi kwenzekani.

> *Bambona bonke abakhe eLida naseSarona* . . . (Bhekisisani lapha.) . . . bonke *baphendukela eNkosini.*

115 Ngokuba indoda efe uhlangothi iphulukisiwe, izwe lonke laphendukela eNkosini, ngenxa yomuntu owayephulukisiwe, okufeni uhlangothi.

116 Futhi, namuhla, abafileyo uyavuswa. Futhi abantu bathi, "Kungubudemoni. Kuyinjulamqondo. Kungukufunda ingqondo kwengqondo. Umuntu wayengafile, kwasekuqaleni." Niyawubona umehluko na? Ukunganaki kwethu ngakuNkulunkulu, kunqume lokho esikutholayo namhlanje. Sizokwemukela ukwahlulela kobuNkulunkulu. Umhlaba wonke uyazamazama njengamanje, ngaphansi komthelela wezahlulelo eziqhubeka nokuhuquzela.

117 Omunye wabefundisi mhlawumbe uzokucosha, emizuzwini embalwa, ezahlulelweni ezizayo. Futhi ngethemba ukuthi bazokwenza, noma kanjani, ekwahlululeleni okuzayo.

118 Ngoba, umhlaba wonke usulungele, uyavevezela. Sonke isizwe ziyavevezela. Awucabangi ukuthi iRussia ayivevezeli, nayo. I-United States neziqhingi ziyavevezela. "Ubani ozophonsa lelobhomu le-atomu lokuqala na?" Uma likwenza, lingase lilahle yonke into ngaphandle kokubhekela, futhi kungabi i. . . o. . . Ibhomu lekhobalthi, bekungayini uma ambalwa awo abengadedelwa na? Ngeke kusaba ngisho nempukane noma isinambuzane ebusweni bomhlaba okusele.

119 Njengamanje kusezandleni zababi, abanesono, abantu ababanjwe yisihogo. Futhi isiphetho saloluhambo lwasemhlabeni, ngathi, uhambo lwasemhlabeni, lushiyelwe ezandleni zababi nabantu abanesono. Kungcono ubheke ukuthi isiphetho somphefumulo wakho sithenjiselwe kuphi. Uma ungathenjiselwe ngaseZulwini nangakuNkulunkulu, phenduka kulobubusuku, ngayo yonke inhliziyo yakho, futhi ungavumeli unyaka omdala udlule ngaphandle kokuthi wena uphendukele kuNkulunkulu. Ngokuba, isiphetho sakho sasemhlabeni sinqunywa izandla zababi, nabanonya, abanenhliziyo ebandayo, abantu abangakholelwa kuNkulunkulu. Yilapho umzimba wakho—wakho unqunyelwe khona. Noma yini abafuna ukuyenza ngakho manje, lokho kuyakuqeda nya. Nkulunkulu yiba nomusa!

120 Futhi uNkulunkulu, emseni waKhe wothando, ethumela izibonakaliso, nezimanga, nezimangaliso, nakho konke, futhi ashumayele iVangeli, futhi abantu njalo njalo babhekise ubuso bakho ngakulo. . . kude naLo. Khona-ke ungalindela kanjani okunye ngaphandle kokwahlulela na? Ufanele ukwamukele.

121 Futhi indoda eyodwa ephulukisiwe ekufeni uhlangothi, futhi izwe lonke laphendukela kuKristu!

122 Futhi lapha lapho sinamakhosi, namakhosi anamandla, amakhosi amakhulu, namadoda kakhongolose, nakho konke okunye; izinhlupheko, nezifo, nabafile nasebeshonile, futhi ngibabone bevukela ekuphileni futhi, nesizwe sikuklolodela

futhi sikuhleka. Khona-ke yini esasele ngaphandle kokwahlulelwa na?

123 O, mfowethu, uma kwake kwaba nesikhathi lapho uNkulunkulu avusa khona abantu baKhe, sinamuhla. Kulonyaka ozayo, kwangathi uNkulunkulu angagcoba abefundisi baKhe, njengamalangabi omlilo, ngokuba nisezinsukwini zokugcina, nezikhathi zokuvala.

124 Bukani lapha. Lendoda efanayo iyehla . . . Kwakukhona intombazane egama layo linguThabitha, okusho ukuthi "Dorka," yafa ngenkathi yayisezansi lapho. Futhi uPetru wayesenhla eJopha. Bathumela enhla futhi bamthola, futhi bamehlisa. Futhi wangena lapho eyayilele khona, isidumbu. Wakhipha bonke abantu, futhi waguqa futhi wakhuleka. Futhi lapho esekwenzile, waya ngale futhi wabamba isandla sayo, futhi wasiphakamisa. Futhi yayisiphilile futhi, iphila.

125 Futhi bhekisisani ukuthi kwenzekani. "Futhi kwenzeka, ukuthi walibala izinsuku eziningi." Ngaphambi nje kwalokho:

> *Kwezakala lokho kulo lonke iJopha; nabaningi bakholwa* e*Nkosini*. Abaningi bakholwa!

126 Futhi, namuhla, bebeyothi, "Ngiyangabaza ukuthi ngabe yayife ngempela, noma qhabo. Yayisanda nje ku—kuquleka noma into ethizeenjalo. Angikholelwa entweni enjalo." Kuchaze konke kusuke! Uma uchaza kusuke okungaphezu kwemvelo, kuphume eBhayibhelini, uchaza kusuke yena kanye uNkulunkulu omkhonzayo. Impela, unjalo. Yena unguNkulunkulu ongaphezu kwemvelo. Kulungile.

127 Manje, kodwa, umisa lababaphostoli na? Mfowethu, babekade benoJesu. Babengenandaba nokuthi noma ubani utheni. Bababizela ngaleya ngesinye isikhathi futhi babatshela ukuthi izinsuku zezimangaliso zase zedlulile. Futhi bababhaxabula futhi babafaka etilongweni, futhi babagcina ubusuku bonke, futhi ngokusa okulandelayo babafaka ekwahlulelweni. Futhi, bathola ukuthi, babengamadoda angazi lutho futhi angafundile. Kodwa babaqaphela, ukuthi babekade benoJesu.

128 Ngemva kokudedelwa, abaphindanga nhlobo baya ngale futhi baxoxisana nekolishi. Baya kubantu bakubo uqobo. Futhi lapho bebuthana ndawonye, bechaza lokho iNkosi eyayikwenzile, bahlangana ndawonye base bekhuleka lomkhuleko, "Nkosi, kungani kwenzekile . . . " Kugcwalisa okwakhulunywa ngumprofethi, kusobala, "Kungani abahedeni badlange, nabantu bacabange okuyize na?" Wathi, "Impela siphe amandla, ngokwelulela phambili isandla soMntwana waKho oNgcwele uJesu, ukuphulukisa abagulayo, nezibonakaliso nezimangaliso zingenziwa." Futhi ngenkathi labobantu bekhuleka nganhliziyonye kuleyondawo, isakhiwo sazamazama, lapho ababebuthene khona ndawonye.

129 Esikudingayo kulobubusuku ubunye, umhlangano womkhuleko, lapho esizibopha khona ndawonye ngenhliziyo eyodwa kanjalo nanhliziyonye, futhi sikhuleke umkhuleko onjalo, khona-ke sizoba nesinye isikhathi sokuzamazama. Amen.

130 Qaphelani. UPetru, owake waba ngumphiki weNkosi, owake akangakholelwa kuYo, noma owayeYiphikile; futhi waphuma, wakhala kamunyu, futhi uyangena. Manje wayesemukele uMoya oNgcwele. Mlaleleni eshumayela.

> Futhi *kwakukhona indoda ethile* egama lingu. . . noma, *linguKorneliyu, eyinduna yekhulu yebutho elithiwa elase-Italiya,*
>
> *Umuntu okholwayo,. . .owesaba uNkulunkulu kanye nendlu yakhe yonke*, futhi yena *abela abantu abampofu izipho eziningi, ekhuleka kuNkulunkulu* njalonjalo.

131 Umuntu onjena pho! Manje, hhayi, khumbulani, hhayi. . . Ngisho oweZizwe. Engesiye ngisho umJuda. WayengoweZizwe, induna yekhulu; ngaphezu kwekhulu, amadoda ayikhulu. Kodwa wayeyindoda eyesaba uNkulunkulu. UNkulunkulu ubehlala njalo, phakathi kwabatu beZizwe, wathola abantu abesaba uNkulunkulu.

132 Ngisahamba namuhla futhi ngikhuluma nensizwa, Ngithe, "Lapho ngifika eZulwini, enye yezinto engifuna ukuyenza bekungukwenyuka futhi ngixhawulane nomfo othize owayenze into ewubuqhawe." Futhi wakhuluma ngalowo ayefuna ukumbona. Ubefuna ukumxhawula, ngezinto ezehlukene, ukuthi uNkulunkulu wababusisa kanjani abantu.

133 Ngenkathi, u-Uriya, ngemva kokuthi uDavide wayethathe uBatisheba, umkakhe, futhi bathumela futhi bamthola. Futhi wayezoba ngumama. Futhi wamngenisa, ukuze akubeke ku-Uriya. Futhi wayengeyena oweZizwe. . .Wayengeyena umJuda. WayengoweZizwe, futhi wayengumHeti, iproselite enkolweni yamaJuda. Futhi wamtshela ukuba ehle futhi ahlale isikhashana ekhaya, nowakhe othandekayo, unkosikazi omuhle. Wathi, "UNkulunkulu makanqabe ukuba ngenze into efana naleyo, nomphongolo kaNkulunkulu wami enkundleni yempi." Futhi wenqaba ukukwenza.

134 Futhi, mfowethu, uma ngifika eNkazimulweni, ngifuna ukwenyukela ku-Uriya futhi ngimxhawulane, futhi ngithi, "UNkulunkulu makadunyiswe, ngenxa yobufakazi basho okuthile kimi ohambweni lwami lwasemhlabeni."

135 Ngifuna ukuya ngale kuDaniyeli, ngithi, "Uyazi, Daniyeli, ngenkathi ungena lapho ngokungesabi phambi kwalawomabhubesi, lobobufakazi basho okuthize kimi." Yebo, mnumzane.

136 Ngifuna ukubona umphostoli, uPetru, futhi ngithi, "Petru, ngalobobusuku ngenkathi usetilongweni, neNkosi iyangena nokuKhanya okukhulu futhi bakhanya phezu kwakho, o, bengihlala ngikwazisa lokho. Futhi waqala ukulandela lokho kuKhanya, nomnyango wavuleka phambi kwakho, futhi kwakuyisa emigwaqweni ngqo. Wawucabanga ukuthi wawuphupha." Isikhathi esinjena pho!

137 Ngeke kube yindawo ethule eZulwini, lapho bonke labo abahlengiwe befika ngaLapho, kunjalo na? Kuyoba yinto emangalisayo eyenzeka phezulu Lapho, lapho bonke abahlengiweyo beza bengena bemasha.

138 Futhi nansi le nduna yekhulu, indlu kaKorneliyu. Bukani ukuthi uNkulunkulu wayekuhlele kanjani! Manje, uKorneliyu wayeyindoda eyesaba uNkulunkulu. Wayekhuleke njalo, futhi epha abantu abampofu izipho. Awukaze wenze lutho olusizayo ngaphandle kwalokho uNkulunkulu akubeka erekhodini lakho. Kunjalo. Futhi wakhuleka, wabapha abantu abampofu izipho. Futhi wayeyindoda enkulu.

139 Futhi ngeliny'ilanga, esemkhulekweni endlini, kwafika iNgelosi ekamelweni ayekulo. Niyakholelwa eziNgelosini na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] INgelosi yangena ekamelweni ayekulo, futhi yathi, "Korneliyu, sukuma futhi wehlele eJopha. Futhi ucele ogama linguPetru, ohlala endlini yalowo othiwa ngoSimoni. Futhi uzokutshela ukuthi wenzeni." Amen.

140 Manje, uPetru, ngalesisikhathi, wayekade ehamba, ngakho-ke walamba. Kwakucishe kube eleshumi nambili nqo. Ngakho-ke, ukhuphukela phezu esicongweni sendlu futhi wathatha isihlwathi esincane. Wayezothatha isihlwathi ngenkathi esephezulu lapho, elindele ukuba balungise idina.

141 Futhi ngakho-ke uKorneliyu wathumela ezansi, isosha namadoda amabili azinikele, futhi wabehlisela ukuba bathole uPetru.

142 Futhi ngenkathi, uNkulunkulu, uma Ethumela othile ukuba akubone, Wenza amalungiselelo ngaphambi kwesikhathi ukuba lento yenzeke.

143 Wenze amalungiselelo esibhedlela, ngalengane izolo, ebilele lapho isesimweni sokufa, ukuthi babengazi ukuthi yayiyini inkinga. Futhi uMoya oNgcwele ukhulume endlini; wenza amalungiselelo esibhedlela, okuphulukiswa komntwana ngaphambi kokuba ngisho ngifike lapho. Haleluya!

144 EFinland, ngenkathi lowomfanyana wayelele lapho emgwaqeni, efile. Futhi uyise nonina, begijima bephuma ensimini, beklabalasa, futhi besonta izandla zabo. UNkulunkulu wayelungiselele ngaphambili uvuko lwakhe, iminyaka emibili ngaphambili. Ayibongwe iNkosi!

145 Futhi, kulobubusuku, siselapha kulelibandla, futhi sisahlulwa yilezizinto esizenzayo, UNkulunkulu walungiselela ngaphambili ukuvuka kwethu. Ngolunye usuku olukhazimulayo, Uyofika. Konke kulungiselelwe ngaphambili. Futhi abasilisa nabesifazane abakucabangayo, ngezinye izikhathi izimbongi zicula lezi zingoma "O, kuzoba khona umhlangano emoyeni."

146 Cishe eminyakeni eyishumi nanhlanu edlule, kulobubusuku, ngangimi kulomsamo lapho, neshadi elikhulu, ngifundisa.

147 Futhi kwakukhona iqembu elincane lePentecostal elivela eLouisville. Futhi angikaze ngikholelwe kulabobantu besina ngendlela ababenza ngayo. Futhi kwakukhona inenekazi elincane elenyukela lapha ukuzodlala upiyano. Futhi babezodlala elikhethekile, futhi bashaye kwencane... okokuvikela epulangweni lokuwashela. Futhi abanye babo bashaya ngethini lekani. Ngangingogxeka kakhulu ngakho, ngakho-ke ngacabanga, "Kuzokwenzekani na?" Futhi owesifazane wakhuphuka ukuba azodlala elikhethekile. Waqala ukudlala. Inenekazi lathola ukushaya epulangweni lokuwashela. Futhi lentombazane encane enezinwele ezimhlophe yagxuma yaphuma lapha, kwiphansi, futhi yaqala ukusina eMoyeni.

148 Futhi mina, ngihlezi esihlalweni sabaklolodayo ngathi, "Manje, ngifisa sengathi ubungabuka kulokho!" Futhi bengikade ngitshela ibandla lami, kwaze kwathi bonke ubemangala ukuthi bengizokwenzani ngakho. Ngangilokhu ngilibuka, futhi ngacabanga, "Bukani kulokho! Manje, uma lokho kungesiyo into ethize! Kwenza ithaveni ngebandla lami!" Futhi ngangihlezi lapho, ngingazi noma yikuphi okungcono. Ngangingasho lutho, kodwa enhliziyweni yami ngangikucabanga.

149 Ngakho-ke ngayibhekisisa lapho ngenkathi isina. Futhi into yokuqala niyazi, ngathi, "Manje awulinde kancane. Angazi noma inenekazi linawo yini umBhalo wakho na?" Futhi ngiqala ukucabanga ngemiBhalo. Ngathi, "Kukuphi lapho ukusina kwake kwagcotshwa khona na? Indawo yokuqala, eBhayibhelini." Kulungile. Futhi ngacabanga, "Yini ebenza basine na?"

150 Ngibonile ukuthi abantwana bakwa-Israyeli, ngenkathi bewela uLwandle oluBomvu, UMiriyamu wabheka emuva futhi wayebone bonke labo bacindezeli beminza, wacosha isigujana itamborini futhi waqala ukusina; futhi washaya lesisigujana itamborini, base begijima behla ogwini, besina. Futhi amadodakazi akwa-Israyeli amlandela, esina. Ngacabanga, "Lokho ukunqoba."

151 Ngibone uDavide, ngenkathi isithandwa sakhe sihlezi phezulu lapho emva kwefeni, siziphephetha, ebuka umngane

wakhe womfana omncane omuhle, uDavide emi phandle lapho. Futhi nakhu kufika umphongolo, uMfowethu Graham akhulume ngawo esikhathini esedlule, uza ngaphesheya kwegquma. Ngenkathi uDavide ewubona uza, wasina wazungeza wazungeza wazungeza. "Ngani," wathi, "uyangiphoxa!"

152 Wathi, "Uma ungakuthandi lokho, buka lokhu!" Futhi wazungeza wazungeza wazungeza wahamba futhi.

153 Niyazi ukuthini na? UNkulunkulu wabuka phansi eseZulwini, futhi wathi, "Davide, uyindoda yenhliziyo yaMi uQobo." Kunjalo.

154 Futhi ngacabanga, "Uyazi, kunento eyodwa engikhathazayo. Anginakho ukunqoba okwanele, mhlawumbe." Futhi ngahlala lapho, futhi ngathola ukumbambathwa konyawo kweMethodisti kwami. Futhi into yokuqala uyazi . . . uNkulunkulu, umahluleli wami! Mina, ngaphambi kokuba ngazi ukuthi ngangenzani, ngangiphumele kwiphansi lapha, ngisina ngizungeza, naleyontombazane. Kunjalo.

155 Ngase ngithi-ke, "Nkulunkulu, ngikhiphe esihlalweni sabaklolodayo. Mangibuke kunoma yini enengqondo ngaphambi kokuba ngike ngiphinde ngedlule ukwahlulela." Amen. UNkulunkulu wenza izinto eziyinqaba.

156 Angikholelwa emnqwabeni yombhedo. Angikholelwa enqwabeni yobuphukuphuku. Kodwa ngikholwa kwelangempela, elangoqobo, eligcwaliswe ngoMoya, iZwi likaMoya oNgcwele kaNkulunkulu elishunyayelwe ngamandla nangokubonakaliswa. Amen. Ngokuba, Yileyonto eyangisindisa. Yileyonto engilethe ngaze ngafika lapha. Yileyonto engisizile ngenkathi udokotela ethi ngangifa. Yileyonto eyangisindisa ngehora lokufa kwami. Yileyonto ezongivusa. Futhi Yileyonto engizoya nayo eZulwini. Uma ngiyoke ngifike Lapho, ngizofanele ngihambe ngaKho; ngoba angazi lutho olunye ngaphandle kwaLokho, futhi angifuni ukwazi lutho ngaphandle kwaLokho. Kunjalo.

157 Ukwazi uJesu, futhi Yena ebethelwe, futhi yilokho kuphela. Uma Ebethelwe, khona-ke kubethela inyama yami neyaKhe, futhi ngifile ezintweni zezwe. Ngani! Amen!

Niyazi, ngiqala ukukholwa. Ngiqala ukuzizwa kanjalo.

158 Qaphelani, nakhu la wayekhona. He, isikhathi esinjena pho! Umhlangano omangalisayo ababenawo! UKorneliyu wathi, "Manje yehlela ezansi lapho futhi ucele othiwa nguPetru." Futhi wathi . . . Angikaze ngizwe ngaye ngaphambilini.

159 Futhi uPetru phezulu lapho, wacabanga, "Nkosi, ngizothi ukuthatha isithongwana ngaphambi nje kokuba ngidle idina. Ngilambile kakhulu futhi ngikhathele."

160 Futhi ngenkathi elele lapho, wawela esiyezini. UmBhalo usho njalo. Khona-ke, ngikholwa ukuthi wawela esiyezini,

anikholwa na? Futhi lapho esekwenzile, wabona ishidi lehla, lonke ligcwele izinto ezinwabuzelayo. Futhi iPhimbo lathi, "Vuka, Petru. Hlaba udle."

161 Wathi, "Qhabo, Nkosi. NgingumJuda. Akukho okungcolile noma okuyichilo okwake kwangena emlonyeni wami."

162 Wathi, "Ungakubizi lokho ngechilo eNgikuhlambululile." Wathi, "Vuka." Wathi, "Kunomuntu okulindile, ezansi esangweni. Futhi qhubeka, ungangabazi lutho. Mlandele." Amen.

163 Manje, uPetru, nezindlela zakhe zobungcwele, niyazi. Wayethi akabe nesithunzi ngakubantu, ngakho-ke wayefanele abheke ukuthi udlani. WayengumJuda. Wayevusiwe, i—iPresbyterian eqinile, niyazi, noma okuthize, futhi wayefanele abheke ukuthi wayenzani ngenxa yodaba lwebandla lakhe.

164 Ngakho-ke iNkosi yathi, "Landela labo abeZizwe, ngokunganaki okwenziwe, noma yini. Yenyukela lapho."

165 Futhi lapho enyukela endlini kaKorneliyu, masinyane, uKorneliyu wabutha bonke abantu bakubo. Futhi wamtshela ukuthi wayibona kanjani iNgelosi. Wathi, "Manje, Petru, ngi—ngithumele kuwe."

166 Futhi ngenkathi uPetru enyukela lapho futhi uqala ukushumayela, "Kwathi uPetru esakhuluma lawo mazwi, uMoya oNgcwele wehlela phezu kwabo," futhi bonke bagcwaliswa ngoMoya oNgcwele, baqala ukuprofetha, ukukhuluma ngezilimi, futhi baba nesikhathi esimangalisayo. Wathi, "Singenqaba namanzi na?" Manje, laba bamukele uMoya oNgcwele ngaphambi kokuba babhaphathizwe. Futhi wabayala ukuba babhaphathizwe eGameni leNkosi uJesu. Futhi uPetru wahlala nabo izinsuku ezithile.

167 Lelo yiBandla labaphostoli, lihamba eMoyeni, nomaphi lapho uNkulunkulu asho khona. UPetru wakwenza ngaphandle kwedina lakhe. UPetru wehla, ukuba alandele iNkosi.

168 Futhi uNkulunkulu ubengake athole owesilisa nowesifazane namhlanje, kulelitabernakele, noma yikuphi kwenye indawo, obengeke anake kulokho okwenzakalayo ngakubo, kodwa bazithobe eNkosini, njengomuntu oyedwa, uNkulunkulu uzohola indoda efanayo namhlanje, Abeyihola ngaleyonkathi. Ufakazisa ukuthi Unathi. Esikudingayo namuhla ngethobile, impilo ezithobile. Zithobe. Ungazicindezeli emuva. Ungenzi lutho ngaphandle kokuhola uqonde ngoMoya oNgcwele. Lokho uMoya othi kwenze, kwenzeni masinyane. Ungathi, "Awu, ngizolinda futhi ngithole ukuthi kuyini *lokhu*, na*lokho* kuyini." Lokho uMoya oNgcwele athi kwenze, hamba ukwenze!

169 Ukube-ke bengingazange ngiye eFinland ngenkathi uMoya oNgcwele ungibizela lapho na? Ukuba-ke bengingazange ngiye

esibhedlela izolo, lapho leyongane encane beyilele lapho ifa; bengingayanga na?

170 Kungukuthi, "Ukulalela kungcono kunomhlatshelo." Yenza lokho uMoya oNgcwele athi kwenze. Esikudingayo kulobubusuku, ngukudedela yonke imibono ecinene yethu emidala emincane, futhi sivumele uMoya oNgcwele... Uyafundiswa lapha. Uyazi ukuthi yini elungile nengalungile.

171 Kodwa okudingayo kulobubusuku umqulu ogcwele omkhulukazi wothando lukaNkulunkulu oluthululelwe enhliziyweni yakho; yonke imehluko igeziwe. Ingcwabe nonyaka omdala, njengoba udlula. Kuyeke kuhambe. Masiqale impilo entsha, isiqalo esisha. Angeke...Uma usuvele uzelwe eMbusweni kaNkulunkulu, usuvele unoMoya oNgcwele kuwe, into kuphela ofanele uyenze ukusika uqaqe kulezizinto zezwe ezikubambe phansi. Wathi, "Masilahle konke okusindayo, nesono esithandela kangaka kithi; ukuze sigijime ngokubekezela, ukuphila, umncintiswano obekwe phambi kwethu." AmaHeberu, isahluko 12. Lahla eceleni okusindayo!

172 Ubungathini izazi zifika ukuzobona uJesu na? Ngizothatha umdlalo wasesiteji omncane umzuzu nje. ngiyabona...Bathi izazi ezintathu. Sizothi nje zazintathu. UJim, uJohn, noGeorge, besingasho ukuthi amagama azo ayeyilelo. Futhi ziyafika ukuzobona uJesu. Futhi sengiyazibona zonke zilungiselela ukuhamba. Sizothatha lomfo uJim. Uyindoda impela. Uyagijima futhi utshela umkakhe, wathi, "Nkosikazi, uyazi ukuthini na? Ngibone inkanyezi, ngakho-ke ngifanele ngihambe." Futhi ngakho-ke uyadlula futhi uyapakisha, ukuba ahambe.

173 Yileyo inkinga ngabantu namuhla. Bazama ukupakisha, ukuba ngumKristu. Uma kukhona noma yini oyidingayo, nguku "hlukanisa," ukuze ube ngumKristu. Kunezinto eziningi kakhulu ezilengayo manje.

174 "Mama!" Uthi, "Manje, mama, uyazi, angeke ngihambisane ngaphandle kokuthi ngithathe itafula lekhadi lami," ngakho ulengisa lokho ekameleni. "Ngoba, niyazi, abanye abafana bebengeke bangijabulele ngihambisana nabo uma bengingaliphethe itafula lekhadi lami."

175 Zonke lezi ezinye izinto ezindadlana ezikulondolozayo. Futhi unebhokisi elincane lobugovu, ufanele ubambelele kulelo, futhi. Futhi ufanele ubambelele ekuncethezeni okuncane, ukuhleba okuncane, okuncane kwa*lokhu*, *lokho*, ukulengise ekameleni.

176 Futhi into yokuqala uyazi, uyagxuma, ugaxela ekamelini elidala, athi, "Woza manje! Asambe!" Ikamela elidala alikwazi ngisho nokunyakaza. Lipatalele kanzima laze lagoba imilenze, cishe impela.

177 Futhi uhlale ukhahlela futhi ukhononda ngebandla lakho oya kulo, futhi mhlawumbe ukuthi ulayishwe kakhulu lize

lingakwazi ukugijima. Yileyo inkathazo. Udinga ukuthulula, ukugeza, ukuhlanza, ulunge. Amen. Yini inkinga ngami na? Qaphelani. Yilokho okuyikho.

178 Sengiyababona abanye behamba, beqhubekela phambili. Futhi into yokuqala niyazi, wehlile wabuka leyonkanyezi futhi. Futhi ngakho-ke, into yokuqala, uqala ukujikijela amatafula ngalendlela eyodwa, nezishuqulu ngenye indlela.

Unkosikazi wathi, "Uyaphi, John na?"

179 Wathi, "Ngilahlela eceleni konke okusindayo okungithandela kalula. Ukuthi, ngizofanele ngigijime lomncintiswano ngokubekezela. Ngokuba isango lincane nendlela ungumngcingo, kodwa bayingcosana abayoyifumana." Kunendawo yakho noJesu kuphela. Akekho omunye ongadlula. Amen.

180 Wathi. Ngiyamuzwa ethi, "Awu, buka, ukhohlwa yinkombandlela yakho."

"Angidingi-nkombandlela."

181 "Ukhohlwa iziqu zakho zesekolishi. Ukhohlwa yinkonzo yakho yokwethweswa iziqu zemfundo ephakeme nazo zonke lezi ezinye izinto obambelele kuzo."

Wathi, "Lalela. Angidingi-nkombandlela."

"Uzohamba kanjani-ke na?"

182 Wakhomba phezulu enkanyezini, wathi, "Ngihamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. UNkulunkulu ungihlinzekele inkanyezi ukuba ngiyilandele, ezongiyisa kuKristu."

183 Futhi buphi ubusuku na? Asidingi noma yikuphi okukhulu, ukufunda okude, nakho konke lokhu. Sifuna ukuhamba ngendlela ehlinzekwe nguNkulunkulu. Futhi indlela ehlinzekwe nguNkulunkulu yalolusuku ngumbhaphathizo kaMoya oNgcwele, futhi iholwe nguMoya oNgcwele, amadodana kaNkulunkulu. Lokho kuzokulethela isiphetho sakho. Beka eceleni okusindayo. Beka eceleni konke okunye. Asibuyele osukwini lwabaphostoli. Isisekelo sethu siqinisekile.

184 UNkulunkulu ukufakazisile kithi, ngezibonakaliso, nezimangaliso, nezithombe, nakho konke okunye. Ufakazisile ukuthi Unathi.

185 Futhi emhlabeni jikelele, leliVangeli elinamandla elikhazimulayo lishanele isigidi namakhulu amahlanu ezinkulungwane eMbusweni kaNkulunkulu, ngonyaka odlule. Ibandla lePentecostal ledlule lonke ibandla ebelikhona ezweni ngonyaka odlule, ekuphenduleni, isigidi namakhulu amahlanu ezinkulungwane aqoshiwe. Haleluya! Yini indaba na? Yinto enamandla kunazo zonke kakhulu ekhona emhlabeni namuhla. Kodwa udeveli ungenile phakathi kwabo futhi wabephula ku*leli*

qembu elincane, na*lelo* qembu elincane, na*leli* qembu elincane, ukubenza baxabane bodwa.

186 Uma bezoke bakhohlwe ubugovu babo nomehlukano wabo, futhi bahlanganise izandla zabo ndawonye, izinhliziyo zabo ndawonye, njengeyodwa, isikhathi seminyaka eyiNkulungwane besiyongena. Yilokho esikudingayo kulobubusuku, mngane, futhi sihlangane ndawonye. Yilokho iTabernakele likaBranham elidinga ukukwenza. Yilokho onke amabandla adinga ukukwenza, ukuhlangana ndawonye njengenhlanganyelo eyodwa, njengoyedwa ngamunye, kuKristu Jesu, ingane esanda kuzalwa, futhi ihambe iqonde ngqo, indlela yezinyawo engumngcingo, "Sibheke kumqalisi nomphelelisi wokukholwa kwethu, uJesu Kristu."

187 Bukani lapha. Hhayi ukufukula itabernakele lethu neziMfundiso zalo, nokunye nokunye, kodwa ngisho lokhu, bangane bami abathandekayo. Hlolani izwe noma yikuphi lapho enifuna khona, futhi sisho lokhu ngokuqhosha, kungesikho ukuqhosha ngalutho kodwa uJesu Kristu iNdodana kaNkulunkulu. Kodwa bukani ukuthi uNkulunkulu uSomandla wenzeni kulelibandla elincane. Phendukani nibuke, uma nifisa. Kulelibandla lapha ngqo, laqala lemvuselelo enkulu eshanele umhlaba wonke. Futhi kunjalo. Libuke ngaleya, futhi ubone ukuthi alinjalo yini. UNkulunkulu unathi. Othandweni lwaKhe nomusa, bukani ukuthi Usiphilisa kanjani lapho sigula. Bukani odabeni lomdlavuza, nezimpumputhe, izithulu nezimungulu, nakho konke okunye Akuphulukisayo phakathi kwethu, yonke indawo. Khona-ke, wayethanda ngokwanele ukuba ehlele ubufakazi besayensi, ukubeka ukuvunyelwa kwaKhe phezu kwebandla, wathatha isithombe saKhe kanye nathi. Amen.

188 Lapho, abagxeki, bayodingeka bavale imilomo yabo futhi bahlehlele emuva, futhi bathi, "Ngeke ngisho lutho ngaKho." Amen.

189 Ngiyajabula kakhulu kulobubusuku, ukuthi ngingomunye wabo! Ngijabula kakhulu ukuba ngumKristu. Ngiyajabula kakhulu ngokuthi ngihlala lapha phakathi kwabantu abakholelwa kulomnyakazo omkhulu. Lowo . . . Ngilindele ukuthi kube khona umehluko omncane. Singabantu. Kodwa, ngokomthetho, simunye. Kunjalo. Simunye. Simi ndawonye, njengobunye obubodwa kuJesu Kristu. UNkulunkulu usibusisile futhi wasipha zonke lezizinto ezimangalisayo.

190 Cabanga nje, bengingeke ngi—ngibe kanjani lapha qobo lwami, kulobubusuku, ukuba bekungengenxa yeNkosi, lapho odokotela ababedlula bonke bethe bengingeke ngiphumelele. Kodwa uDokotela oMkhulu uyehla futhi wathi, "Konke kusezandleni zaMi, futhi uzophumelela." NgiMkholiwe.

191 Unjani uDadewethu Weaver ehlezi lapho na? Njengohlaka lwamathambo lomzimba luhlezi kulesosihlalo esinamasondo,

ngenkathi bemqhubela phezulu lapha ukuba abhaphathizwe eGameni likaJesu Kristu; udokotela umnikeza kuze kube sekuseni, ukuba aphile, nomdlavuza umudla umqeda, cishe eminyakeni eyisikhombisa noma eyisishiyagalombili edlule. Nangu namhlanje kulobusuku ekanye nathi.

192 Bangaki abanye ebengingababiza, ongenile futhi waphuma kuleminyango lapha, ongenile lapha, abakhubazekile, nabahluphekile, nabagulayo, nezinyonga, nezishosha, izimpumputhe, nakho konke okunye, baphulukisiwe. Kulomnyango owodwa omncane nje lapha, njengofakazi wokuvuka kweNkosi uJesu Kristu!

193 Besifanele sibe yini na? Belifanele libe yini leliTabernakele likaBranham na? Lifanele libe yilambu lokukhanyisela imikhumbi elibekwe kwenye yezindawo ezimnyama ukwedlula zonke zezwe, eJeffersonville. Uma yake yaba khona indawo ebidinga iVangeli, yiJeffersonville. Kunjalo.

"Kodwa ikhona into enhle engavela eNazaretha na?"

Wathi, "Woza uzobona." Kunjalo.

194 Amabala amnyama! Asiwadingi amalambu emini. Siyawadinga phakathi uma kumnyama. Yilapho uNkulunkulu ethumela khona ukuKhanya, kusezindaweni ezimnyama. Kunzima kakhulu . . . Kulula ukuya lapho yonke into ihamba kahle. Kodwa lapho egijima khona kanzima, lapho kukhona khona izindawo ezimnyama, izindawo ezimbi!

Ngimele ngithwalwe ngiyiswe ekhaya eZulwini
Ngombhede onezimbali wentokomalo,
Kanti abanye balwa ukuba bazuze umklomelo,
Futhi bagwedla badabula izilwandle ezinegazi na?

195 Khona lapha lapho abantu behlukanisa izinwele nokwehlukana, nezinto ezinjalo; abahedeni abayizinkulungwane eziyikhulu namashumi amane bayafa nsuku zonke, futhi bahamba bayohlangana noJesu, noma bayahamba ukuyohlangana noNkulunkulu olungile nothembekile, bengazi lutho ngaYe. Izinkulungwane eziyikhulu namashumi amane ziyafa nsuku zonke, inani lokufa labahedeni abangakaze balizwe iGama likaJesu Kristu, liyafa nsuku zonke. Futhi siyaphikisana noma ngabe siyiPresbyterian noma iMethodisti, noma qha. Ihlazo elinjena pho! Amahloni anjena pho!

196 Esikudingayo umbono. Hhayi ukubuka khona lapha phansi ekugcineni kwekhala lakho. Buka laphaya ekugcineni komgwaqo. Uma ngicabanga ngenamuhla, *lokhu*, *lokho*, noma *okunye*, ngizophilela usuku. Kodwa ngiphilela iPhakade, into ethize ngaleya, into ethile uNkulunkulu ayimisela ngaphambili,

futhi ngifanele ngihambe ngiyohlangabeza nakho ngelinye ilanga.

197 Ngithathe okuningi kakhulu kwesikhathi; imizuzu eyishumi. [Akuqoshwanga eteyipini—Umhl.] . . . ngomusa kaNkulunkulu nangosizo lukaNkulunkulu.

198 Sekube yiminyaka emibili engiMcele okuthile, ngaphindaphinda. NgiMcele iminyaka eyishumi nanhlanu, ngento ethize, futhi ekugcineni Unginika khona. Futhi ngizobe ngingqongqotha emnyango waKhe, uma ngiphila ngonyaka ozayo, uma Enganginiki khona kulonyaka, niyabo, ngalento engiyicelile. KungokweNkazimulo yaKhe, into ethize ebengingaMenzela yona ngaleya. Uzokuvumela lokhu kimi, khona-ke ngingaphumela ngaleya futhi ngiMzuzele imiphefumulo, kangconywanyana, ngibe namandla kancane endleleni. Futhi ngiyakhuleka ukuthi Uzokwenza. Lowo ngumkhuleko wami kuYe.

199 Futhi ubufakazi bami kini, ukuthi, uma nje nizongikhulekela futhi ningiphakamise phambi kwaKhe, ngomkhuleko, khona-ke ngingaqhubeka. Ngingayenza kanjani into eyodwa, kungenandaba ukuthi bekuzokwenzekani, uma bengingenaye othile ozongikholwa na? Wena ukakhulu nje njengoba nginjalo, nanoma ubani omunye. Nawe ukakhulu ngakho. Akunandaba ukuthi besiyokwenzani, uma besishumayela, lokho ebesiyokusho; uma engekho ongakukholwa, khona-ke akukho okungenziwa. Kunjalo. Konke ukwehluleka, akukho okungenziwa, ngaphandle kokuthi sihlangane ndawonye futhi sikholwe omunye nomunye. Ngiyakholelwa kuwe futhi uyakholelwa kimi. Futhi, ndawonye, sikholelwa kuNkulunkulu, futhi siyakholwa ukuthi uMoya waKhe uzosihola.

200 Manje, Mfowethu Funk, ngabe uyenyuka na? Uphethe umntwana manje; leso yisizathu sakho. Mfowethu Wood, ngicabanga ukuthi ungolandelayo-ke. [UMfowethu Wood uthi, "UMfowethu Jackson."—Umhl.] Kulungile, futhi uthathe uMfowethu Jackson. Ngakho-ke ngicabanga ukuthi uMfowethu Jackson uzoba olandelayo. INkosi ibusise uMfowethu Jackson, olandelayo.

201 INkosi inibusise. Niya—niyayithanda iNkosi na? Ngifuna ukubona izandla zenu. Niyayithanda iNkosi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Kulungile.

202 Dadewethu Gertie, woza lapha umzuzu nje. Ngifuna ucule elilodwa nami. Wonke omunye umuntu uyacula. Ngizozama. Ngishe izwi njengoba ngingaba njalo, ngoba nginomkhuhlane omubi, futhi ngi . . . okuthile, ikhanda lami, kodwa ngifuna ningisize sicule leliculo elimnandi elidala. Futhi unginike indlela ye . . . okuthile. Angazi ukuthi kuyini. Kodwa, angazi ukuthi kuyini. Nginike nje uhlobo oluthile lwenothi, ngoba

ngifuna ukucula, “livuza egazini,” nani nonke. Ngokuba, leliVangeli engilishumayelayo, Livuza egazini. Anikukholwa na? [Ibandla lithi, “Amen.”—Umhl.] Kulungile, wonke umuntu, ndawonye manje.

Owokuqala ukufela lelicebo likaMoya oNgcwele,
Kwaba nguJohane umBhaphathizi, kodwa wafa njengomuntu;
Kwase-ke kwafika iNkosi uJesu, baMbethela,
Washumayela ukuthi uMoya ubuyosindisa abantu esonweni.

Lilokhu livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, livuza igazi.

Kodwa base bemkhanda ngamatshe uStefanu, washumayela wahlaba isono,
Wabathukuthelisa kakhulu, bamphihliza ikhanda lakhe phakathi;
Kepha wafela eMoyeni, futhi waphuma umphefumulo,
Futhi wahamba ukuyohlangana nabanye, lowo onikezela ngokuphila.

Lilokhu livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele . . .

O, kukhona uPetru noPawulu, noJohane ongcwele,
Banikela izimpilo zabo ukuze leliVangeli likhanye;
Baxubanisa igazi labo, njengabaprofethi basendulo
Ukuze iZwi likaNkulunkulu leqiniso likhulunywe ngobuqotho.

Lilokhu livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi,
Igazi lababafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele lilokhu livuza igazi.

Lalela lokhu manje.

Kukhona imiphefumulo ephansi kwe-altare, iyamemeza, “Koze kube nini na?”
Ukuba iNkosi ijezise labo abenze okungafanele;

Kodwa kuzoba nabanye abazonikela ngegazi lokuphila kwabo
NgaleliVangeli likaMoya oNgcwele nozamcolo walo obomvu.

Ake sime manje.

Livuza igazi, yebo, livuza igazi,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele, livuza igazi,
Igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

203 Awujabuli yini ukuthi ungomunye wabo na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] Hlobo luni lweVangeli na? IVangeli elifanayo elanikwa bona, izibonakaliso ezifanayo, izimangaliso ezifanayo zilandela, iNsika yoMlilo efanayo, iNkosi uJesu efanayo, ukuphulukiswa kwabagulayo okufanayo, amandla afanayo kaMoya, yonke into iqhubekela phambili ngqo. Ukuhlushwa okufanayo kuyeza.

LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

Sonke kanyekanye manje.

Livuza . . .

204 Phenduka bese uxhawulana nomunye umuntu, futhi uthi, "Ayibongwe iNkosi!"

. . . livuza igazi,

205 Haleluya! Awunjalo Mfowethu . . . ? . . . Ayibongwe iNkosi! . . . ? . . . Amen.

Livuza igazi,
O, igazi labafundi abafela iQiniso,
LeliVangeli likaMoya oNgcwele livuza igazi.

O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
Ngoba Wang'thanda kuqala.

Asilicule kakhudlwana manje. Phakamisani izandla zenu.

O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
O, ngiyamthand'uJesu,
Ngoba Wang'thanda kuqala.

206 Baba wethu waseZulwini, siyaKubonga kulobubusuku ngeNkosi uJesu Kristu, ngaMandla aKhe, ngothando lwaKhe. Nokwazi, ukuthi, kulolu olukhulu, usuku oluhloniphekile esiphila kulo, lapho abaprofethi basendulo belubonile lolusuku futhi banikeza imiyalo mayelana nalo, besho ukuthi kanjani ukuthi "abantu abanamawala, abakhukhumele, abathanda injabulo kunokuthanda uNkulunkulu; benesimo sokumesaba uNkulunkulu, kepha aMandla akho bewaphika." Lapho athi,

"Kuyoba khona abahleki abahleka usulu ngezinsuku zokugcina, futhi bayohlekisa, futhi bajivaze." Futhi siphila kulo, Baba.

207 "Ngalolosuku, izinqola ziyodlanga ezindleleni ezibanzi. Ziyogijima njengombani. Ziyobonakala njengamathoshi." Zonke lezi, isiprofetho esikhulu, sigcwaliseka!

208 Ngenkathi uJesu ethi, "Amagagasi abangwa ukuzamazama kolwandle ayobhobokela ezingwini, phansi naphezulu osebeni lolwandle. Futhi lapho izibonakaliso ezinkulu nezimangaliso ziyobonakala emazulwini phezulu, njengamasoso endizayo nezinto. Ngenxa yalezizibonakaliso, kuyobangela umhlaba ukuba wesabe futhi uzamazame. Bekuyobangela ukuzamazama komhlaba kuzindawo ngezindawo, nazo zonke izinhlobo zezinto; nokukhungatheka kwesikhathi, nosizi phakathi kwezizwe."

209 Futhi Wathi, "Ngalolo suku, ukuthi u-Israyeli uyakuqhakaza." Haleluya! Leyonkanyezi endala enemicijo eyisithupha kaDavide iyanyakaza phezu kweJerusalema, kulobubusuku, okokuqala ngqa iminyaka engamakhulu angamashumi amabili nanhlanu. Izizwe ziyahlukana. Umkhiwane uhluma umqumbe wawo!

210 Zonke ezinye izihlahla zihluma imiqumbe yazo. Ababi bahluma imiqumbe yabo. UbuRoma buhluma imiqumbe yabo. UbuKhomanisi buhluma imiqumbe yabo.

211 Futhi iBandla laKho lihluma imiqumbe yaLo. Isikhathi sasentwasahlobo siyeza. O, Nkosi enkulu yokuPhila, vuka nokuphulukisa emaphikweni aKho, Nkosi. Futhi unike izinceku zaKho onke amandla nezibonakaliso, ukwelula isandla soMntwana waKho oNgcwele uJesu, ukwenza izimangaliso nokwenza izibonakaliso, nokushumayela iVangeli kuze kube semikhawulweni yomhlaba. Siphe khona, Nkosi.

212 Busisa lelibandla elincane. Busisa umelusi walo, Nkosi, umfowethu othandekayo. Busisa bonke lowo obambisane nathi lapha. Bonke lowo obiza iGama laKho, yonke indawo emhlabeni jikelele. Siza, kulonyaka ozayo, Nkosi, sisize ukuba sibe ngabangcono kunabo bonke enkonzweni yaKho. Vimbela ukugula kungabikho phakathi kwethu. Futhi sigcobe ngoMoya oNgcwele. Vimba umona, vimba ukuxabana, vimba umhawu, vimba konke okungamesabi uNkulunkulu, kusuke kithi. Futhi makushiwo ngathi, ukuthi singabantwana baKho, "Umuzi ohlezi egqumeni, ongeke wacasha." Siphe khona, Baba.

213 Sibusise, futhi sithethelele okwesikhathi sethu esedlule. Futhi kwangathi singasho, njengoPawulu, "Sikhohlwe yilezozinto ezedlule, sicindezela emgomeni wokubizwa okuphezulu kuKristu."

214 Nkosi Nkulunkulu, ngithumele noma kuphi lapho Uthanda khona. Sengilungele ukuhamba, yenza ukuyala kwaKho noma ngasiphi isikhathi.

215 Sithethelele, ngiyasho, futhi. Futhi ngcwelisa lelibandla odumweni leGama laKho nenkazimulo, nabantu abakulo. Ngokuba sikucela eGameni likaJesu. Amen.

216 Ningahlala phansi manje. INkosi inibusise.

O, awu, kuzoba nokuhlangana emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;
Ngizohlangana nani, ngihlangane nani Laphaya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukuhlabelela okunje pho oyokuzwa, okungakaze kuziwe yindlebe efayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Lapho iNdodana kaNkulunkulu uqobo, iyobe iNgeholayo
Kulokho kuhlangana emoyeni.

O, kuzoba nokuhlangana emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;
Ngizohlangana nani, ngihlangane nani Laphaya
EKhaya elingaleya kwesibhakabhaka;
Ukuhlabelela okunje pho eniyokuzwa, okungakaze kuziwe yindlebe efayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Lapho iNdodana kaNkulunkulu uqobo, iyobe iNgeholayo
Kulokh kuhlangana emoyeni.

Nizwile ngoMose omncane ehlashaneni lebhuma,
Nizwile ngoDavide ongesabi nendwayimane;
Nizwile ngendaba eyaxoxwa ngoJosefa ophuphayo,
NangoDaniyeli namabhubesi enivame ukucula ngawo.
O, kodwa kunabaningi, abaningi abanye eBhayibhelini,
Futhi ngilangazelela ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela!
Ngokushesha iNkosi izosivumela ukuba sihlangane nabo
Kulokho kuhlangana emoyeni.

Kuzoba nokuhlangano emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;
Sizohlangana nani, sibingelele Laphaya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukuhlabelela okunje pho eniyokuzwa, okungakaze kuziwe yindlebe efayo,

Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
Lapho iNdodana kaNkulunkulu uqobo iyobe iNgeholayo
Kulokho kuhlangana emoyeni.

217 Anikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] He! Kukhona Engifuna ukuhlangana naye, ngaphezu kwabo bonke, lowo nguJesu. Awukufuni na? ["Amen."] Kukwenza nje uzizwe ujabule kakhulu, uhlanzeke kakhulu, umsulwa kakhulu. Awuzizwa nje ngaleyondlela na? Njengokuthi nje wawukolojwe wonke! Mthande nje!

. . . ukuhlangana emoyeni,
Kwelihle, elihle-hle;
Ngizohlangana nani, futhi ngibingelele Laphaya,
KuleloKhaya ngaleya . . .
. . . ngiyozwa, okungakaze kuziwe yindlebe efayo,
Kuyokhazimula, ngiyamemezela!
NeNdodana kaNkulunkulu uQobo iyobe iNgeholayo
Kulokho kuhlangana emoyeni.

Anikuthandi na? [Ibandla lithi, "Amen."—Umhl.] O, he!

Nizwile ngoMose omncane ehlashaneni lebhuma,
Nizwile ngoDavide ongesabi nendwayimane yakhe;
Nizwile ngendaba eyaxoxwa ngoJosefa ophuphayo,
NangoDaniyeli namabhubesi esivame ukucula ngawo.
O, kodwa kunabaningi, abaningi abanye eBhayibhelini,
Futhi ngilangazelela ukuhlangana nabo bonke, ngiyamemezela!
Ngokushesha iNkosi izosivumela ukuba sihlangane nabo
Kulokho kuhlangana emoyeni.

Futhi, o, awu, kuzoba nokuhlangana emoyeni,
Kuhle, kuhle-hle;
Ngizohlangana nani, nginibingelele Laphaya
KuleloKhaya ngaleya kwesibhakabhaka;
Ukuhlabelela okunje pho okwake kwaziwa, kwaziwa yindlebe efayo,
Kuzokhazimula, ngiyamemezela!
NeNdodana kaNkulunkulu uQobo iyobe iNgeholayo
Kulowomhlangano emoyeni.

218 He! Ngifuna ukuba Lapho nje. Anifuni na? Bangaki othi, “Ngomusa kaNkulunkulu ngifuna ukuba Lapho.” Ngomusa waKho, Nkosi! Mayibongwe iNkosi.

Kulungile, Mfowethu Neville.

Unyaka omusha, kinina nonke. UNkulunkulu anibusise!

